**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI, UMNUZ WILLIES MCHUNU, EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LUKA-*OPERATION HLASELA* E ESWAYIMANE MHLAKA 05 MARCH 2013:**

Mphathi Wohlelo;
Amalungu eSishayamthetho;
Ubuholi bezepolitiki namaKhansela aseMshwati;
Abaholi bezenkolo;
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi abakhona;
Abamele amaqembu epolitiki;
Izimenywa ezahlukene;
Bafowethu nodadewethu.

Ngiyanibingelela.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, mangithathe leli thuba nginamukele nonke enikwazile ukuphumelela kulo mcimbi obalulеke kangaka wokuzama ukuqinisa impi yokulwa nobugebengu. Ukuba khona kwenu lapha kutshengisa ukuzimisela kwenu ekwenzeni le ndawo ibe ngephephile.

Siyabonga nangezinkulumo eziyimiyalezo esesizizwile ziqhamuka ezinhlakeni ezahlukene, ezeseka lo mkhankaso wokulwa nobugebengu.

Ngifisa ukuqala ngokuthi sikhumbuzane ukuthi ngenkathi lo Hulumeni oholwa nguMongameli uMnumzane Jacob Zuma uthatha izintambo ngo-2009, ukulwa nobugebengu wakubeka eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo,ukulwa nobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi asezingeni elifanele.

Lokhu kwakungasuselwa nje emoyeni, kodwa kwakususelwa ezintweni ezazivela, njengezinselelo ezibhekene nabantu bakithi uma kukhankaswa ngaphambi kokhetho.

Wonke umuntu uyazi-ke ukuthi naphuma kanjani ngobuningi benu nayoqinisekisa ukuthi lo Hulumeni yiwona ozonilekelela ngaphansi kobuholi bukaMsholozi kuzwelonke, noNdunankulu uDkt Zweli Mkhize lapha KwaZulu-Natal.

Manje-ke konke lokho kusibeka ekutheni kubalulekile ukuthi njengomphakathi sivume ukulekeleleka ukuze lithi liphela leli hlandla lalo Hulumeni sibe singenako ukuzisola ngokuthi sakhetha yena.

Enye yezindlela zokuvuma ukulekelelwa yiyona lena yokuthatha izinhlelo zokulwa nobugebengu ezilethwa nguHulumeni kunina, nizisebenzise ngendlela ezokwenza ukuthi nibe wumphakathi onenhlalakahle.

Njengesizwe sonke saseNingizimu Afrika sisashaqekile yindlela osekusabalele ngayo izigameko zokunukubezwa nokubulawa kwezingane zamantombazane ezincane nabesifazane asebekhulile – ogogo bethu.

Ngeviki eledlule size sabona uMongameli uZuma ethula ngokomthetho umkhankaso we-Stop Rape Campaign ngenhloso yokukhuthaza ukuba kwakhiwe umphakathi onakekelayo lapho kuhlonishwa khona amalungelo abantu bonke, ikakhulukazi amalungelo abesifazane nezingane.

Kodwa futhi noNgqongqoshe wamaPhoyisa kuZwelonke, uMnuz Nathi Mthethwa, ukuvezile ngenkathi ekhipha izibalo zobugebengu ngonyaka odlule ukuthi nakuba izinga lamacala abucayi lithe ukwehla, kodwa izinga lamacala athinta ukuhlukumeza ngocansi lisalokhu likhathaze njalo.

Siyazi-ke ukuthi le ndawo ike yasematheni ngonyaka odlule ngezigameko zokunukubezwa kwabantu abadala – izalukazi zethu - zigilwa ngamabhungu amancane. Siyazi futhi ukuthi kusukela lapho, kuningi osekwenziwe yimiNyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo, okuhlanganisa nokufika kuyona le ndawo.

Nathi-ke namhlanje sithe masize sizoshayela isipikili ukuthi impi yokulwa nobugebengu makube ngeyethu sonke njengomphakathi. Masibe yingxenye yombimbi lokulwa nobugebengu oluholwa nguHulumeni walesi fundazwe, esithi *'Building a United Front Against Crime'*.

Ngalolu hlelo sinxusa ukuthi zonke izinhlaka zomphakathi zihlanganyele ndawonye embhidlangweni oqhubekayo wokunciphisa izinga lobugebengu esifundazweni obizwa ngo-*'Operation Hlasela'*.

Sithi njengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezahlukene kumele sithathe indawo yethu, sisebenzisane ndawonye ekutholeni izixazululo ezinkingeni zokuphepha esinazo neziphazamisa inhlalakahle yabantu bakithi.

Thina sikuthatha njengechilo ukuthi kusukela ngomhlaka 1 April 2012, kuya ku-28 February 2013, indawo yalapha KwaSwayimane enabantu ababalelwa ku-300 000 kuphela isibe namacala okudlwengula angu-24 abikwe emaphoyiseni.

Lapha sikhuluma ngabikiwe kuphela. Siyazi phela ukuthi kukhona ukuhlukunyezwa ngokocansi okuningi okwenzeka ikakhulukazi emindenini bese kuyafihlwa kugcine kungafikanga emaphoyiseni.

Sitholile-ke kodwa ukuthi kula macala angu-24, kwangu-19 kuwona kukhona ababoshiwe. Nakwamanye okubulala angu-15 sekukhona ababoshiwe kwangu-11, bese kuthi kwawokulimazana angu-25 kwaboshwa abathile kwangu-24.

Kumele sikugcizelele lapha kunina njengomphakathi ukuthi wonke la macala angabhuntsha kufane nokuthi amaphoyisa asebenzela ize leze uma nina ningaphumeli obala niveze ubufakazi obuzogweba izigilamkhuba.

Ayikho into ebuhlungu njengokuzwa ukuthi izisulu zobugebengu sezihlalele ovalweni ngenxa yokuthi inkantolo isidedele umsolwa ngoba bungekho ubufakazi. Phela kwesinye isikhathi izinswelaboya azinqeni ukuphinda ziqhubeke lapho zigcine khona.

Enye futhi inkinga egqamayo ngale ndawo yaKwaSwayimane ngukusetshenziswa kakhulu kophuzo oludakayo kanye nezinye izidakamizwa. Uma ubheka konke lokhu uthola ukuthi iningi lale mikhuba egilwayo idalwa ngukusetshenziswa kwezidakamizwa.

Uthola ukuthi izinto ziqala kuwona amathaveni, futhi amanye angekho emthethweni, bese kuthi nalawo asemthethweni uthole ukuthi awayilandeli imigomo yezikhathi zokuvala njengoba kubalula i-Liquor Licensing Board.

Okunye okusiphatha kabi ngalezi zindawo zokuphuza utshwala ngukuthi yintsha yakithi ebhubha khona. Angisayiphathi-ke eyamantombazane amancane ahlala khona aphuziswe amadoda amadala agcina esefuna ukulala nawo kanti asezowashiya nenkinga yengculazi nezisu noma kokubili.

Njengoba uMongameli uMsholozi ethule i-Stop Rape Campaign ebengikhuluma ngayo ekuqaleni, khona futhi ngeledlule uNdunankulu uKhabazela wethule uhlaka lwesifundazwe lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Lomkhankaso sizowuqhuba ngaphansi kohlelo lwesifundazwe luka-*Operation Sukuma Sakhe*. NjengoHulumeni sihlale siyigqugquzela imiphakathi ukuba izisebenzise izikhungo zama-war room ngaphansi kwalolu hlelo, lapho kudingidwa ngazo zonke izinselelo ezibhekene newadi.

Zonke-ke lezi zinto ziyimizamo yokuba nilekeleleke njengomphakathi. Kodwa njengoba bese ngike ngasho, kukunina ukuthi niyafuna yini ukusizakala. Kukunina ukuthi niyayeka yini ukufihla izigebengu. Kukunina ukuthi niyayeka yini ukuthengela izigebengu abameli abazozikhipha phambili emacaleni.  Kukunina futhi ukuthi niyayeka yini ukuthenga impahla eyebiwe emaseleni.

Kusemadodeni ale ndawo ukuba abambe iqhaza elicacile emkhankasweni wokulwa nokudlwengula nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Njengoba ngibuye ngigqoke nekapisi lokuba uMphathiswa wezokuThutha, kubalulekile ukuba ngiyithinte indaba yokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho ngihamba khona.

Siyazi ukuthi izindawo zasemakhaya ezinjengalapha aziphithizeli kakhulu izimoto njengasemadolobheni nasemalokishini.  Kodwa futhi siyazi ukuthi ezindaweni ezinjengalapha kuba nabantu abathatha amashansi emgwaqeni bashayele bengenazo izincwadi, bashayele izimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni noma abanye bashayele bedakiwe.

Ngakho-ke kumele sibaxwayise abantu bakithi ukuthi hhayi bo, umphumela wokungaziphathi kahle emgwaqeni uyasabeka. Sekukaningi kushiwo ukuthi ngokocwaningo kuyavela ukuthi izingozi eziningi ezenzeka emigwaqeni yethu kusuke kuyiphutha lomuntu.

Yingakho-ke nalapha sizonxusa ukuba nilekelele isifundazwe senu siphume enkingeni yokuthi njalo uma kukhishwa izibalo zikazwelonke kube yithina esihamba phambili.

Njengoba sesibheke esikhathini sePhasika nje, makuthi uma sekukhishwa izibalo zezingozi ezenzeke ngalamaholide kuthiwe sihamba phambili ngokwehlisa isibalo sabantu abafayyo nabalimalayo ngenxa yezingozi  zomgwaqo.

Sithi sizoninxusa ukuba nani nenze njengeminye imiphakathi eminingi asikhombise ukubambisana nathi kule mikhankaso ngokuthi igcine imithetho yomgwaqo.

Ngalawo mazwi siyaphinda sithi siyabonga ukuthola leli thuba lokuzokhuluma nani ningumphakathi waKwaSwayimane namhlanje. Sengathi singabuyela kahle emakhaya siphephe njalo.

**Ngiyabonga**